

INYUZILETHA YELUNGU

2020 UHLELO LWESIBILI



UMLAYEZO OVELA KU-PO

Lungu elithandekayo

Kunzima ukukholelwa ukuthi unyaka we-2020 usuzophela nokuthi bekungunyaka onjani. Egameni lesiKhwama, ngithanda ukudlulisa amazwi enduduzo kulabo abashonelwe abathandekayo babo ngenxa ye-COVID-19 futhi sithandazela ukwelulama okusheshayo kulabo abanalo leli gciwane. Lolu bhuhane luthinte umhlaba kabi futhi singathemba nje ukuthi okubi kakhulu sekwedlule. Imibandela

elawula ukuvalwa kwezwe ixegiswe kakhulu, kepha igciwane alikapheli. Qhubeka uthathe izinyathelo zokuzivikela wena kanye nalabo abaseduze kwakho.

Uma umangala ukuthi ngabe i-COVID-19 iyithinte kanjani imihlomulo yakho yomhlalaphansi, sifake indatshana engakho konke odinga ukukwazi ngemiphumela ye-COVID-19 emihlomulweni yakho yomhlalaphansi.

Sisebenze kanzima, ngale kobhubhane luqinisekisa, ukuqinisekisa ukuthi imibuzo ixazululwa ngesikhathi. Lokho sekushiwo, sijabule kakhulu ukukwazi ukukusiza kanye nabahlomuli ngemibuzo ngokubhekana ubuso nobuso futhi ngenxa yalokho izikhungo zethu okufikwa kuzo ngaphandle kokubeka isikhathi sokuza zizosebenza ngokugcwele.

Sinezindaba ezimnandi kakhulu esingabelana ngazo nawe kule ncwadi yezindaba ephathelene nohlelo lwemiklomelo kaMasibambisane. Ku-2018 senze ucwaningo lwezimakethe futhi imiphumela ikhombisile ukuthi amalungu ethu afuna uhlelo lokuhlinzeka imiklomelo ngokwethembeka. Siyajabula ukukwazisa ukuthi uhlelo lokuhlinzeka imiklomelo ngokwethembeka lulapha! Funda ngakho konke ekhasini 2. Lena yindlela yethu yokubonga ngokukhetha i-MWPF futhi silindele ubudlelwano obude nobuzuzisayo nawe.

Kuye kwaba yinjabulo kimi nginikhonza njengeBamba PO kulezi zinyanga eziyisithupha ezedlule futhi ngingathanda ukuthatha lesi sikhathi ukuthi ngamukele i-PO entsha uMnuz. uFrans Phakgadi ozihlanganise nesikhwama mhla-ka 01 ku-Okthoba 2020. Sihloniphekile ukuba naye ngaphakathi futhi siyazi ukuthi uzoletsa okuningi okusemqoka Esikhwameni.

Sengiphetha, siyethemba ukuthi uzothola lencwadi yezindaba inikeza ulwazi. Unyaka wezi-2020 awuqalanga ngendlela ebesihlele ngayo, kodwa ake sisebenzise isikhathi esisele bese siqeda ngamandla.

Sikufisela okuhle wena nomndeni wakho.

Ngijabonga

**Amma Amparbeng
Ibambela i-PO ne-CFO**

Kwethulwa imiklomelo emisha kaMasibambisane - pg 2

Umhlinzeki wosizo lokubolekwa kwezimali zezindlu omusha uyeza kuwe masinyane - pg3

Ukuhamba kweeNgxowamali zoMhlalaphantsi - pg 3

Uhlelo lwekhomepyutha lwe-MWPF selulapha - pg4

Isexwayiso Soku-khwabanisa - pg 5

Umkhonyovu wemihlomulo engafakelwe isicelo sokuthi ikhokhiwe - Pg 5

Lokho ama-lungu asethathe umhlalaphansi angakhetha kukho - pg 5

Konke odinga ukukwazi ngemiphumela ye-COVID-19 ezimalini zakho zesikhwama somhlalaphansi - pg 7

Kwethulwa imiklomelo EMISHA kaMasibambisane

Wayicela thina saphendula! Uhlelo lweMiklomelo yeMasibambisane lunika amalungu kanye namalungu omndeni amabili aqokiwe igunya lokufinyelela ezipeshelini kanye nakwizaphulelo zasezitolo zakwaShoprite, kwaCheckers, kwaBoxer nakwaCheckers Hyper.

Onke amalungu kanye namalungu emindeni yawo aqokiwe ayonikwa ukukwazi ukufinyelela kwizaphulelo zegilosa yabo ngokusebenzisa amakhuphoni ephepha nayidijithali. Landa incwajana yakho kummeleli wakho wakwa-HR bese uqala ukonga. Qaphela ukuthi kuzoba nencwajana entsha enemikhiqizo emisha njalo ezinyangeni ezintathu kanti imikhiqizo iphelelwa yisikhathi ezinyangeni eziyisithupha.

Ungazithola kanjani izaphulelo

1. Amakhuphoni encwajana

Sika amakhuphoni akho futhi uma uyothenga esitolo sakwa-Shoprite, kwa-Checkers noma kwa-Boxer, thola imikhiqizo ekhangisiwe kwikhuphoni. Nikezela ikhuphoni nomkhiqizo lapho kukhokhwa khonabese uthola isaphulelo kumkhiqizo khona manjalo.

Incwajana yesaphulelo segrosa yemiklomelo yeMasibambisane isifana nemali ezandleni zakho ngakho-ke yigcine iphephile!

2. Amakhuphoni aphantelene nokusetshenziswa kobuchwepheshe bekhompyutha

- Thola amakhuphoni akho nge-mobisite: www.mwpprewards.co.za noma ushayele *120*207# kumakhalekhukhwini wakho.
- Ilungu eliyinhloko kufanele lingene kwi-websitelisebenzisa - Inombolo Yemboni.
- Ilungu lomndeni elikhethiwe lifanele lingene kwi-website lisebenzisa - inombolo kamazisi.

- Buka bese ufaka amakhuphoni akhethiwe kubhasikidi wakho.
- Ukuthola isaphulelo sakho sekhuphoni, chofoza ku-"My Basket" kanye no-"Check out Basket".

Thatha i-SMS yakho yekhuphoni xa usiya ezivenkileni kwaShoprite okanye kwivenkile yakwaCheckers, fumana imveliso ekwintengiso kwikhuphoni. Nikezela ngekhawudi yekhuphoni kwi-teller kunye nemveliso kwi-till uze ufumane isaphulelo kwimveliso kwangoko. Qiniseka ukuba ufumana imveliso echanekileyo (Ubungakanani, Uhlobo, Inkcazelo) ukuze isaphulelo sakho sisebenziseke.

Wenza kanjani ukuthi amalungu omndeni wakho athole Imiklomelo yakho yeMasibambisane

Ilungu ngalinye le-MWPF lingenza ukuthi amalungu alo omndeni amabili athole Imiklomelo yawo yeMasibambisane. Lokhu kwenzeka kanje:

Inketho 1

Thumela i-SMS yamahhala enenombolo yakho yemboni, inombolo kamazisi yelungu lomndeni kanye nenombolo yeselula yelungu lomndeni wakho ku-49967. Ukuze ukhethe ilungu lomndeni lesibili, phinda okungenhla ngemininingwane yelungu lomndeni lesibili.

Inketho 2

Shayela isizinda esishayelwa ucingo se-MWPF ku-010 100 3000
Shayela u-*120*207, ngena kwi-websitebese ukhetha "ukuphakamisa ilungu lomndeni", bese ulandela imiyalo.

Ukuthenga okunentokozo!

UMHLINZEKI WOSIZO LOKUBOLEKWA KWEZIMALI zezindlu omusha uyeza kuwe masinyane

Siyakujabulela ukukwazisa ukuthi sesiqoke ibhange i-First National Bank (FNB) ukuba libe ngelinye labahlinzeki bethu ngosizo lokweboleka wena izimali zezindlu ukuze uthole inkululeko yokukhetha njengoba sesinezezele kubahlinzeki bethu ngosizo abakhona njengamanje. Nge-FNB njengoba isingumhlinzeki wosizo omusha uzothola ithuba lokuqhathanisa bese ukhetha lowo ofanelana kahle nezidingo zakho.

Nge-FNB ungakwazi ukujabulela lokhu okutholalalayo okulandelayo:

- Inzalo emile ezingeni elikahle elixhunywe ku-(Prime ususe 0.5%)
- Imali yokuqalisa ethathwa kanye engu-R490 kubandakanya nentela yentengo-VAT
- Isibizo sokusingatha sanyanga zonke esingu-R69.00 kubandakanya nentela yentengo-VAT
- Isikhathi esinqunyiwe esiphezulu yiminyaka engama-20 (izinyanga ezingana-240)
- Awuphoqekile ukukhokha u-R2.49 ngenkulungwane ngayinye womshuwalense wempilo wesikweletu. Lemali ihlanganisa le mhlomulo elandelayo:
 - o Ikhava yokufa - lyikhokha yonke imali esele
 - o Ikhava yokukhubazeka unomphela noma okuphelele (PTD) - lyikhokha yonke imali esele.
 - o Ikhaza yokudilizwa - Ikhokha izitolimende izinyanga eziyi-12 .
 - o Ikhava ukukhubazeka kwesikhashana noma okuphelele (TTD) ikhokha izinyanga eziyi-12 noma ime sekungasekho ukukhubazeka, empeleni nganoma yisiphi simo kulezi esiyisikhathi esifushane.



Sizolusho usuku lokuqalisa masiyane kanye nenqubo yokwenza imboleko mali yendlu. Okwamanje, uma unemibuzo, sicela uxhumane nesikhungo sethu semibuzo-call centre ku-010 100 3001.

Ukuhamba

Kwezikhwama

Zomhlalaphansi



Kuyasijabulisa ukuba sesimweni sokunikeza amalungu ethu imihlomulo eyakhelwe ukuhlangabezana nezidingo zawo ngqo. Inhloso yethu ukwenza umehluko empilweni yakho, emva kwesikhathi eside usuthathe umhlalaphansi ngakho-ke siyajabula ukumemezela ukuthi uma ukhushulwe kusuka kolunye uphiko lokwamukeleka kuya kolunye, awudingi ukushintsha ubulungu bakho besikhwama. Ngamanye amagama, ungahlala kwi-MWPF bese uqhubeka nokujabulela imihlomulo yethu emikhulu.


Ngaphezu kwalokho, uma ngabe wakhushulwa futhi wathuthela esikhwameni esihlukile, uvunyelwe ukubuyela esikhwameni sakho sokuqala.

Ungaba yilungu le-MWPF impilo yakho yonke noma ngabe ukhushuliwe.




Uhlelo lwekhompyutha lwe-MWPF selulapha


Siyajabula ukukwazisa ukuthi uhlelo lwethu lwekhompyutha olusha selubukhoma. Manje usungathola izitatimende zakho zemihlomulo, incwadi yezindaba nokunye okuningi okusuka ngqo kwiselula yakho. Ukuthola uhlelo lwekhompyutha, ungalususa kwi-intanethi uluse kwiselula yakho ye-android ku-Google Play Store. Ngemuva kokuthi ukhethe u-“Play Store” endaweni okuseshwa kuyo u-“Mineworkers Provident Fund” bese ukhethe u-“Faka” njengoba kukhonjisiwe esithombeni esingezansi.



Ngemuva kokuthi inketho ye- "Faka" ikhethiwe isikrini esingezansi sizoboniswa.



Lapho uhlelo lwekhompyutha seluqedile ukusuka kwi-intanethi luya ocingweni lwakho, isikrini esingezansi sizokhonjiswa.



Uzobe usungena kwi-website usebenzisa imininingwane yokungena yesikhashana iSikhwama esizokuthumela yona nge-SMS. Ekungeneni kwi-website, "Ukhohlwe igama eliyimfihlo?" kuzovela okuzokukhuthaza ukuthi ufake izinombolo zakho zocingo ezibhalisiwe noma ikheli le-imeyili. Uzobe usuthunyelelwa igama eliyimfihlo elisetshenziswa kanye nge-SMS noma nge-imeyili. Faka igama eliyimfihlo elisetshenziswa kanye elitholakele. Uma igama eliyimfihlo selilungisiwe ngempumelelo, uzoqhubeka nokungena kwi-website ngegama lakho eliyimfihlo elisha.



Uma usungenile uzokwazi ukwenza incazelo yakho ngokufishane bese ufaka isithombe uma ufisa. Uzokwazi futhi ukuthola isitatimende sakho semihlomulo, inani lokutshala izimali futhi ukwazi ukulungisa imininingwane yakho efana nekheli lakho, inombolo yeselula nabahlomuli. Uzokwazi futhi nokubheka imininingwane emayelana nemihlomulo yokufa, imihlomulo yokukhubazeka, imihlomulo yokuthatha umhlalaphansi, imihlomulo yokudilizwa, umhlomulo wokuholo impilo yakho yonke nohlelo lwemiklomelo okuyi-Income for Life kanye nohlelo lweMasibambisane.

Manje usungaba nalo lonke ulwazi oludingayo emachosheni eminwe yakho. Nganoma imiphi imibuzo sishayele ku-010 100 3000.

ISEXWAYISO SOKUKHWABANISA

NgoMeyi sikuthumele isexwayiso sezenzo zokukhwabanisa okwenzekayo lapho amalungu ayesanda kuthatha umhlalaphansi futhi elindele inkokhelo evela kwi-MWPF abizwa ngabakhohlisi abazenza abeluleki be-MWPF. La malungu abe esecelwa ukuthi acishe omakhalekhukhwini babo okwemizuzwana embalwa bese bebvula futhi. Abakhohlisi benza lokhu ukuze amalungu aphuthelwe izaziso ezivela emabhange abo ezimali ezikhishwa kuma-akhawunti abo.

Uyacelwa uqaphele ukuthi i-MWPF ayisoze yafonela amalungu ibacela ukuthi bacishe omakhalekhukhwini babo. Ngeke futhi sibuze amalungu ukuthi aqinisekise imininingwane yawo yasebhange. Siyanxusa ukuba uqaphele futhi uma ungenaqiniseko sokuthi ungashayela ini, xhumana nathi ku-010 100 3000, ukuqinisekisa.



Siyazi futhi ukuthi kunezinkampani ezimbalwa zomgunyathi ezikhohlisa labo ababengabavukuzi ukuthi banezimali ezingafakelwe isicelo sokuthi bakhokhelwe zona. Abasebenza ezimayini baholelwa ekutheni bakholwe ukuthi lezi zinkampani zizofaka izicelo zokuthi bakhokhelwe egameni labo kepha bacelwa ukuthi bakhokhe imali ukuze kwenzeke le nqubo. Kusemqoka kakhulu ukuqaphela ukuthi i-MWPF ayidingi mali ukubheka ukuthi ngabe lowo owayengumvukuzi wezimayini akayitholanga yini imihlomulo kithi. Futhi asidingi mali ukucubungula noma yimiphi imihlomulo engafunwanga.

Labo abafuna ukubheka ukuthi kukhona yini imihlomulo esasele bangaxhumana ne-MWPF ngqo futhi bangadingi umuntu wesithathu. Uma wena noma ababengabavukuzi bacelwa imali, kungumkhonyovu futhi i-MWPF ayiyona ingxenye yaleyo nqubo.



Lokho amalungu asethathe umhlalaphansi angakhetha kukho

Ngabe ubuwazi ukuthi sihlizeka iseluleko ngemihlomulo yomhlalaphansi kumalungu asezothathe umhlalaphansi ukuze aqinisekise ukuthi ayakwazi angakhetha kukho ngemuva kokuthatha umhlalaphansi? Uma usuzothatha umhlalaphansi ezinyangeni eziyisithupha ezizayo, okumele ukwenze nje ukuthumela igama lakho nenombolo yakho othinteka kuyo ku-071 887 6515 umeluleki wemihlomulo yomhlalaphansi uyobe esekuthinta ngocingo ukuze abeke usuku lapho uyobe usuchazelwa khona ngalokho angakhetha kukho komhlalaphansi wakho.

Akugcini lapho, futhi sinikela ngomkhinqizo we-Income For Life lapho uthola khona inani lamarandi eliqinisekisiwe nyangazonke impilo yakho yonke. Uma usuthatha umhlalaphansi ungakhetha ukuthatha imali yakho

obuyikhokha nebikhokhwa umqashi esikhwameni njengokheshi noma ingxenye yayo njengokheshi bese usebenzisa esele ukuthenga umkhinqizo we-Income For Life noma ungayisebenzisa yonke ukuthenga umkhinqizo we-Income For Life.

Uma ushona eminyakeni eyi-10 usuthathe umhlalaphansi, abahlomuli abaqokwe uwe bazothola isamba semali isiyonke yemali engenayo esele.

Uma usuzothatha umhlalaphansi futhi ungathanda ukuthola olunye ulwazi, thumela u-'quote' nenombolo yakho **ku-071 887 6515** kanti umeluleki we-MWPF uzokushayela ucingo.

Konke odinga ukukwazi ngemiphumela ye-COVID-19 ezimalini zakho zesikhwama somhlalaphansi

1 Ngabe ukuvalwa kwezwe kuzoba nomthelela kanjani emalini yami esesikhwameni somhlalaphansi?

Ukuvalwa kwezwe ngenxa ye-Covid-19 kube nomthelela omubi ezimalini zomhlalaphansi zamalungu. I-Mineworkers Provident Fund iqalise ukusebenzisa isu lokutshalwa kwezimali kwesikhathi eside okwenzelwe ukukhulisa izimali zakho ezisesikhwameni ukuze uthathe umhlalaphansi ngokunethezeka. Isikhwama sikhulisa izimali zamalungu ezisesikhwameni ngokutshala imali ayikhokha esikhwameni ezimakethe zezezimali lapho kuthengwa futhi kuthengiswe izabelo, amabhondi kanye nezinye izindlela zokutshalwa kwezimali kwesikhathi eside njengokutshala izimali ezinkampanini ezisohlwini lwe-Johannesburg Stock Exchange ne-New York Stock Exchange nokuthenga amabhondi kahulumeni nezinye izindlela zokutshalwa kwezimali. Ukuvela kwe-Covid-19 kwandise ukwesaba komhlaba jikelele njengoba kungekho muntu oqonda ukuthi mthelela muni waleli gcwane emnothweni womhlaba jikelele. Ngenxa yalokhu, izimakethe zezezimali zathengisa ngamandla ngamanani aphantsi kusukela maphakathi noFebhuwari 2020 kwaze kwaba sekupheleni kukaMashi 2020 kepha sezizinzile nesisikhwama i-Mineworkers Provident Fund sesisonke senyuka ngo-0.89% kusukela ngenyanga edlule kusukela ngomhla ka-31 Agasti 2020 senyuka futhi ngo-5.33% kusukela ngonyaka odlule, ngale komthelela we-COVID-19. Kubalulekile ukuqonda ukuthi uhambo lokukhulisa imali uhambo lwesikhathi eside olunezinqinamba endleleni. ISikhwama sigcine ukuhlangabezana nesehlo esinjalo ngo-2007 kuya ku-2008 ngesikhathi sesimo esibucayi sezimali somhlaba jikelele ngesikhathi ukuthengiswa ngamanani aphantsi kwakufana nezimakethe zabuyela esimweni. Ngakho-ke, kubalulekile ukugxila kokuphokophelelwe kwesikhathi eside futhi singaphazanyiswa yizehlo ezinje ezenzeka ngezikhathi ezithile.

2 Yini eyenziwa yiSikhwama ukuvikela izimali zesikhwama ukuthi ziqhubeke nokuncipha?

Isikhwama sibuswa yibhodi labantu abaqokwe ukuthi lengamele izindaba zehlangano elinomsebenzi wokubhekelela izimali zesikhwama zamalungu ngokucophelela nangokuzimisela. Abantu abaqokwe ukuthi bengamele izindaba zehlangano besekwe uMeluleki Wezokutshalwa Kwezimali okuyi-Investment Consultant eqokwe ngokuzimela ukweluleka abantu abaqokwe ukuthi bengamele izindaba zehlangano uma kuziwa ekwenzeni nasekuqaliseni kokusebenza kwesu lokutshalwa kwezimali kwesikhathi eside. Isu leSikhwama libhekelela izikhathi zobungozi obukhulu ngokwedlulele ngokuqinisekisa ukuthi ingxenye enkulu yeSikhwama itshalwe ezinhlelweni zokutshalwa kwezimali okunobungozi obuncane nokuvikelekile. Lokhu kuqinisekisa ukuthi ngalezi zikhathi njengokuvalwa kweze, umthelela kumalungu uzoba ngaphansi kunokwehla okukhulu kwamanani ezimakethe zezezimali. Isikhwama siyaqhubeka nokuqapha izimo futhi sizothatha izinyathelo ezifanele ukunciphisa izingozi esingakwazi ukuthi sizilawule.

3 Ngabe izimali zami zomhlalaphansi zizoqhubeka nokuncipha?

Akucaci ukuthi ngabe ukuvalwa kwezwe kuzothatha isikhathi esingakanani nokuthi ukuthengisa ngamanani aphantsi ezimakethe zezezimali bekuyinto yesikhashana noma kuzoqhubeka. Uma kwenzeka ukuvalwa kwezwe kuqhubeka singase sibone ubuthaka ezimakethe zezezimali okungadala ukuthi kunciphe izimali zesikhwama. Nokho, ukubona ukuthi izehlo zobungozi obukhulu ngokwedlulele ziyenzeka ngezikhathi ezithile, ukugxila kokuphokophelelwe kwesikhathi eside kubalulekile.

4 Ngabe zizobuyela nini esimweni izimakethe

Asazi ukuthi izimakethe zizozinza nini nokuthi asiqondi ngokugcwele umonakalo wesikhathi eside emnothweni womhlaba jikelele ngenxa yokuvalwa kwezwe. Esikwaziyo ukuthi izimakethe zezezimali zizwela ngokushesha futhi noma yiziphi izindaba zokuzika komhlaba jikelele kwi-Covid-19 nokwehlisa izinga lokutshaleka kungaholela ekutheni izimakethe ziqonge kakhulu futhi kuphele konke ukulahlekelwa okuwumlando. Isikhwama futhi silandela isu lokutshalwa kwezimali okuhlobonhlobo okusho ukuthi ngazo zonke izikhathi kunezingxenywe ezithile zohlu lohlelo lokutshalwa kwezimali ezizokwenza kangcono kanti ezinye izingxenywe kungenzeka zingenzi kahle. Ngakho-ke, ngenxa yokuhleliwe isikhwama sinezindlela zokuvikela ukulahlekelwa eziquavile ezakhelwe kuso ukubhekelela izehlo ezinjalo zobungozi futhi ngokunjalo singabamba iqhaza ekukhuleni uma izimakethe sezibuyela esimweni.

5 Yini okufanele ngiyenze njengalungu ngalesi sikhathi?

Kubalulekile ukugcina ngaso sonke isikhathi engqondweni ukuthi izimali zesikhwama kungokutshalwa kwezimali kwesikhathi eside kakhulu nokuthi ukwehla nokwenyuka kwezimakethe kwesikhathi esifishane kuyenzeka ngezikhathi ezithile kanti lokhu kungenzeka kube inzuzo enhle kakhulu futhi inzuzo embi kakhulu njengoba sibona njengamanje. Akufanele wethuke ngokwehla nokwenyuka kwezimakethe okwenzeka njengamanje kodwa ugxile kokuphokophelelwe kwesikhathi eside kokongela umhlalaphansi wakho.

6 Kwenzekani uma ngiyeka ukukhokha imali esikhwameni sami somhlalaphansi?

Uma uyeka ukukhokha imali esikhwameni somhlalaphansi ngalesi sikhathi esingenasiqiniseko njengoba kuvunyelwe yi-Financial Sector Conduct Authority, inani lakho lesikhwama lamanje lizohlala esikhwameni futhi liqhubeka lithole inzuzo yokutshalwa kwezimali. Ngeke nje ukhokhe enye imali enanini lakho ngalesi sikhathi. Uma isimo esibucayi sesedlule futhi sekhokhwa esikhwameni futhi, inani lesikhwama sakho lizoqhubeka likhule ngakho kokubili ukukhokha kwakho esikhwameni nenzuzo yokutshalwa kwezimali. Akukho zinhlawulo noma izindleko ezikhokhelwa ukuyeka ukukhokha esikhwameni ngalesi sikhathi.

7 Ngiyothinteka kanjani uma ngithatha umhlalaphansi ekupheleni kuka-2020?

Uma kwenzeka uthatha umhlalaphansi ekupheleni kuka-2020 kufanele ukhulumisane nomeluleki oqokiwe weSikhwama somhlalaphansi ukuze nihlele kahle umhlalaphansi wakho. Uyacelwa ukuthi uthinte iSikhwama ukuze nihlele umhlalaphansi nomeluleki. Njengoba kushiwo ngenhla iSikhwama silandela indlela enhlobonhlobo yokutshala izimali ngalokho sivikela izimali zamalungu ukuthi zitshalwe eswini elilodwa. Le ndlela yokusabalalisa izimali zeSikhwama ezinhlelweni ezehlukene zokutshalwa kwezimali kanye nokuthi usunesikhathi esingakanani utshalelwe izimali zakho kufanele kukunike ukuvikeleka okudingekayo ukwedlula kulezi zikhathi ezivunguzayo.

Buyekeza imininingwane yakho othinteka kuyo

Siyathanda ukukugcina unolwazi oluhlobene nesikhwama.

Sicela ukhumbule ukulungisa imininingwane yakho othinteka kuyo ikakhulukazi izinombolo zocingo lwasendlini nezeselula uma ushintsha imininingwane yakho.


Ngale ndlela singaqhubeka sikukwazisa.




U-Facebook kanye no-Twitter

Sibuye sibe Namakhasi ka-Facebook kanye no-Twitter, akhombisa amalungu ngakho konke okusha mayelana nayo yonke imicimbi yethu kanye nokwenzeka uthuthukiswa KweesSikhwamaeni. Nemibuzo iphendulwa ngaso lesi sikhathi kanti izinkinga zixazululwa ku-inthanethi.

Silandele ku-Facebook naku-Twitter ukuze uhlale uthola ulwazo lwakamuva:

 <https://www.facebook.com/mineworkerpf>

 <https://twitter.com/Mineworkerspf>

Sikhuthaza onke amalungu ukuthi asebenzise zonke izinsiza ze-MWPF ukusisiza ukuthi senzele nima malungu umsebenzi omuhle kakhulu.

